**EZAKAMUVA NGOKUKHISHWA KWEMALI KU-TWO POT**

**Tshwane, 19 kuLwezi 2024 –** UPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (u-SARS) lufisa ukunazisa ngesamba sakamuva sezibalo zomyalelo wentela oluzitholile eziqondene nokukhishwa kwemali kuMhlomulo Wokukhipha Imali Ebhodweni Lokonga ku-two-pot system. Selokhu lwaqala lolu hlelo, u-SARS usuqaphele ukunyuka okungalindelekile ezicelweni zomyalelo wentela, okuveza izinselelo zomnotho amakhaya abhekene nazo.

Njengoba kumhla ziyi-18 kuLwezi 2024, kutholwe izicelo zomyalelo ezingu-2,153,942 kanti imiyalelo eyi-1,914, 306 ikhishwe nenani eliphelele elingu-R35 052 572 876.62.

Umehluko phakathi kwezicelo zomyalelo kanye nemiyalelo ekhishiwe umi kanje:

- Izicelo eziyi-169 509 zachithwa ngenxa yezizathu eziningi, ezifaka ukuhluleka kwesistimu ezikhungweni ezilawula izikhwama kuya ezinombolweni zokuhlonza ezingezizo, izinombolo zentela ezingezizo njll.

- Imiyalelo eyizi-41 523 yachithwa ngenxa yokuntuleka kwemali, amakhodi angeyiwo njll.

- Imiyalelo eyizi-28 525 yakhanselwa abakhokhintela abashintshe umqondo ngalokhu.

Ngokuhambisana nenhloso ka-SARS yokuba abakhokhintela basebenzise imigudu yedijithali, kuyintokozo ku-SARS ukumemezela ukuthi umshini wokubala ku-WhatsApp wasetshenziswa izikhathi ezingama-53,693 selokhu kwaqala inqubo. Umshini wokubala okusizindalwazi sakwa-SARS, oyingxenye ye-SARS Online Query System, wona usetshenziswe izikhathi ezingama-850 375. U-SARS uphinde wathola imibuzo eyi-102 839 kusetshenziswa umgudu wephimbo kanye neyizi-17 627 emagatsheni. Umgudu we-USSD wona uthole ezinye eziyi-66 048.

U-SARS ulokhu uzinikele ngokwemigomo ekunhlososu yethu, okungukuhlinzeka abakhokhintela ngengcaciso nesiqinisekiso ngezindaba zabo zentela nokwenza kube lula futhi kungabi nazihibe ukuthobela. Kulokhu, kukhuthazwa abakhokhintela ukuba baqhubeke nokusebenzisa imigudu yedijithali, elula futhi esebenziseka kalula. Ukusebenzisa le migudu kusho ukuthi abakhokhintela abadingi ukushiya amakhaya abo noma izindaow abasebenzela kuzo beyoma emigqeni eyehlisa isithunzi.

Umsebenzi osuwenziwe u-SARS kuze kube manje omukhulu wawo ingenxa yokubambisana okuhle nezikhungo ezilawula izikhwama zomhlalaphansi. U-SARS ufisa ukubonga lezi zikhungo ezidlala indima esemqoka kangaka kuhlelokusebenza lwentela ngokusebenza kwabo ngobuchwepheshe okwenze u-SARS ukwazi ukudlala eyawo indima kahle nangempumelelo ngokukhipha imiyalelo yentela edingekayo ngokushesha.

UKhomishana u-Edward Kieswetter uxwayise abakhokhintela ukuba bakugweme ukwenza izenzo ezingase zibe ezobugebengu waphinde wagcizelela ngobusemqoka kokusebenzisa izinombolo eziyizo zomazisi nezentela lapho befaka izicelo zalo mhlomulo. U-SARS ukhuthaza ukuthobela ngokuzithandela, kanti ngalokhu, uhlinzeka ngezinketho eningi ezahlukene zokuxhumana ezitholakala kusizindalwazi sakwa-SARS ukuze sifinyelele kulokhu esikuphokophele.

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane noSARS ku SARSMedia@sars.gov.za

.